

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Amakhasi aleli phepha ayi-14. Qinisekisa ukuthi nelakho liphelele.
 2. Leli phepha lineziqephu **EZINE**, isiqephu **A, B, C** kanye no-**D**. Bhekisisa ukuthi nelakho linazo zonke iziqephu.
 3. Phendula zonke **IZIQEPHU**.
 4. Qala isiqephu **EKHASINI ELISHA**. Uvumelekile ukuqala nganoma yisiphi isiqephu osithandayo kodwa usiqede ungaxubani imibuzo yesiqephu.
 5. Bhala izinombolo zemibuzo zibe njengoba zibhalwe ephepheni lemibuzo, **UNGAZIGUQULI**.
 6. Phendula yonke imibuzo **ngeSIZULU**.
 7. Shiya umugqa owodwa njalo emuva kwempendulo.
 8. Ungabhali lutho ngale kwemajini.
 9. Bhala ngesandla esicacile, esifundekayo futhi umsebenzi wakho uhleleke kahle ngobunono.
-

ISIQEPHU A ISIFUNDO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1**

Funda indatshana engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

KUNINGI OKUHLE NOKUBI OKUFUNDWA YIZINGANE KONTANGA BAZO EZIKOLENI

[Sicashunwe ku-inthanethi]

- 1 Isikole yindawo yokuqala umntwana aphumela kuyona uma esuka phambi kwabazali bakhe nasemphakathini. Isikole sifana nendawo entsha, angakaze aphile kuyona futhi eyehlukile kunasekhaya. Esikoleni kukhona abafundi abavela emindenini engafani. Abafundi esikoleni babhekana nezinto eziningi ezehlukile kulezo abazibona emakhaya. Othisha esikoleni benza abafundi ukuthi bazizwe bemukelekile. Umntwana ufunda ukuhlukanisa ikhaya nesikole ukuze akwazi ukusebenzisana nabanye abafundi ekilasini, kwezamasiko nakwezemidlalo. Othisha balekelela abafundi ukukwazi ukuphilisana nabanye abafundi. Bayabasiza futhi ukuthi baziphathe ngendlela efanele.
- 2 Esikoleni kukhona umthetho. Kunesikhathi sokungena nesikhathi sokuphuma, ngakho-ke kufanele umntwana akuhloniphe lokhu futhi agcine isikhathi. Bonke abafundi bafaka umfaniswano wesikole ophelele. Ukuhlonipha othisha nabanye abafundi esikoleni kubaluleke kakhulu. Abafundi bayakhuthazwa ukuthi basebenze ngokuzimisela ukuze baphumelele kuzo zonke izivivinyo. Ukuthola amaphutha kubantwana nokubajezisa akuyona inhloso yomthetho wesikole. Le mithetho ifundisa abantwana ukuthi bakhule babe yizakhamuzi (*citizens*) eziqotho emphakathini. Imithetho isiza ukuthi isikole sibe yindawo ephephile kubafundi nothisha. Ngaphandle komthetho wesikole kungadaleka isiphithiphithi esikoleni, abantwana bagcine bengasaphatheki noma bangalawuleki. Umntwana ohluleka ukuthobela imithetho yesikole uthola isijeziso noma amiswe esikoleni, okungadalela igama elibi futhi axoshwe.
- 3 Umsebenzi wokufundisa unzima, udinga uthando, ukuzinikela nesineke. Esikoleni kufunda abantwana abahlukene. Abanye bavela emindenini enabazali abaphila ngokuxabana, abanye

bayalwa, bathukane phambi kwabo abantwana. Kukhona abavela emindenini eqotho, enemithetho nemigomo eqinile. Kubalulekile ukuthi uthisha athathe isikhathi sakhe ukufunda nokumazi umntwana osekilasini lakhe.

- 4 Abafundi bachitha isikhathi esiningi ndawonye. Bayaxoxa bese befunda okuningi okuhle nokungalungile kontanga babo. Okuhle abakufundayo ukusizana ngomsebenzi wesikole, ukwabelana ngokudla ngesikhathi sekhefu nokukhuluma nabanye ngolimi oluhle nolunenhlonipho. Bangafundisana okuningi okubi okusuke kungeyona inhloso yesikole ukuthi bafundisane kona. Bafunda ukuthuka inhlamba, ukubhema ugwayi, ukuphuza utshwala, ukudla izidakamizwa, ukukupela, ukungathembeki nokusebenzisa kabi izinkundla zokuxhumana. Kwesinye isikhathi abantwana bathola ingcindezi kubangani babo (*peer pressure*) bagcine benza okungahambisani nomthetho wesikole. Abantwana abangalaleli esikoleni bathola imiphumela emibi futhi engabajabulisi abazali. Abalaleli uma othisha befundisa. Kubalulekile ukukhetha abangani abaqotho, abazimisele ngokufunda nokuhlonipha.
- 5 Abazali kufanele basize abantwana ukuze bakwazi ukuhlukanisa okubi nokuhle. Kufanele bafundise ngobungozi bokulalela izimfundiso ezimbi abazithola kubangani babo ezikoleni. Ziningi izinkinga ezingagwemeka (*avoided*) uma abazali beqaphela ukuziphatha kwezingane zabo emakhaya. Umntwana ongajwayele ukukhuzwa ekhaya, uyahluleka ukulalela othisha uma bemsola ngokungenzi kahle. Ungoti (*expert*) kwezokukhuliswa kwabantwana uthi, "uma umntwana enze okuhle ekhaya noma esikoleni kuhle abazali bamncome ukuze aqhubeke nokwenza okuhle ngaso sonke isikhathi. Lo ngoti uthi uma kukhona okubi akwenze ekhaya noma esikoleni abazali kufanele bahlale naye phansi bamsole ngokumakha ukuze angaqhubeki nokwenza okungalungile. Uthi akufanele abazali baphuthume **ukuthela umntwana ngenduku** bengakaze bamnike iziyalo ezakhayo."
- 6 Iqiniso lithi, othisha ngeke bakwazi ukwenza konke kodwa abazali bona **besonge izandla** esikhundleni sokuthi badlale indima yabo. Othisha bazokwazi ukwenza okusemandleni abo ngesikhathi umntwana esesikoleni. Abazali akufanele basole othisha uma abantwana babo beziphatha kabi ezikoleni. Abazali kufanele badlale indima ebalulekile ekukhulisweni kwabantwana babo. Kuwumsebenzi wabazali ukuthi baqaphele ushintsho abalubona kubantwana babo. Kufanele bafune usizo uma bebona ukuthi kungaphezulu kwamandla abo, ukuze umntwana asizakale kungaze konakale kakhulu. IsiZulu sithi **umuthi ugotshwa usemanzi**.

[Icashunwe ephephandabeni *Ilanga* langomhlaka: 11–13 September 2023, yabuye yalungiswa]

1.1 Khetha impendulo elungile ngezansi:

1.1.1 Kungadaleka isiphithiphithi esikoleni kusho:

- (a) Ukungatholi isijeziso.
- (b) Ukungayi esikoleni.
- (c) Ukungahleleki. (1)

1.1.2 Umbhali uma ethi: "Umuthi ugotshwa usemanzi" usho ukuthi:

- (a) Umntwana kufanele aye esikoleni.
- (b) Umntwana ufundiswa esemncane.
- (c) Ukuphuza umuthi namanzi. (1)

- 1.2 Obani abamukela umntwana uma efika esikoleni? (1)
- 1.3 Endabeni thola amagama **anomqondo ofana** nalawa angezansi:
- 1.3.1 Basiza (esigabeni soku-1) (1)
- 1.3.2 Ingane (esigabeni sesi-2) (1)
- 1.4 Yini ontanga?/Abantu abanjani ontanga? (1)
- 1.5 Ngokwendaba, isiza ngani imithetho yesikole? Bhala amaphuzu amabili. (2)
- 1.6 Ngokwendaba, chaza ukuthi umndeni onjani oqotho? Bhala amaphuzu amabili. (2)
- 1.7 Veza lokhu:
- 1.7.1 Okuhle abantwana abangakufunda esikoleni. (1)
- 1.7.2 Okubi abantwana abangakufunda esikoleni. (1)
- 1.8 Yini umzali angayenza ukusiza umntwana wakhe ukuthi akwazi ukuhlukanisa okuhle nokubi esikoleni? Bhala amaphuzu amabili. (2)
- 1.9 Ucabanga ukuthi kungani abanye abafundi bengalaleli esikoleni? Bhala amaphuzu amabili. (2)
- 1.10 Chaza lezi **zimo zokukhuluma** ezingezansi:
- 1.10.1 Ukuthela ingane ngenduku. (1)
- 1.10.2 Basonge izandla. (1)
- 1.11 Uma umntwana enze okubi esikoleni uthola isijeziso. Yiziphi izijeziso wena njengothisha ongazinika abafundi abangalaleli imithetho yesikole? Bhala okubili. (2)

[20]

UMBUZO 2

Sebenzisa isithombe esingezansi ukuphendula imibuzo elandelayo.



[Sicashunwe ku-inthanethi]

- 2.1 Bangaki abantu abakulesi sithombe? Bhala ngamagama esiZulu. (1)
 - 2.2 Bhala okubili okugqokwe ngabafana kulesi sithombe. (2)
 - 2.3 Bhala imisebenzi emibili eyenziwa ngabantu besifazane esithombeni. (2)
 - 2.4 Uphetheni uKhanya esandleni? (1)
 - 2.5 Ucabanga ukuthi kungani izingane zamantombazane zibukeka zingajabulile? Bhala amaphuzu amabili. (2)
 - 2.6 Wena ungumama, phendula umbuzo wengane. Bhala amaphuzu amabili. (2)
- [10]**

ISIQEPHU B UKUFINGQA**UMBUZO 3**

- Funda le ndatshana bese **UYIFINGQA** ngamagama **angama-50** kuya **kwangama-60**.
- Bhala amaphuzu **AMAHLANU** ngemisho ephelele.
- Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela **kweyoku-1** kuya **kweyesi-5** NOMA **amabhulethi**.
- Sebenzisa amagama akho emishweni. **UNGABHALI** isigaba.
- Sebenzisa ulimi oluhle nolwamukelekile.
- Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala **INANI** lamagama owasebenzisile.

IBUFFALO CITY ICEBE NGOMLANDO NANGEMVELO

[Zicashunwe ku-inthanethi]

Kunomlando omuhle otholakala ezifundazweni zaseNingizimu Afrika. Phakathi komlando wezwe kubalwa owezilwane zasendle nemidlalo yasolwandle.

IBuffalo City Metropolitan Municipality esesifundazweni sase-*Eastern Cape*, yindawo edume ngomlando ocebile (*rich*) ngemvelaphi yezilwane namasiko ahlukene. Phakathi kwezindawo ezikhona kubalwa ezokungcebeleka uma nihambile ngamaholidi okubalwa *i-Olivewood Private Estate & Golf Club, Crawford*, nezinye eziningi ezigudle ulwandle lwase-*East London*.

Kunezaxhiwo ezindala eziqethe umlando futhi ezisagcinwe njengengxenywe yedolobha ukuze abantu bazi kabanzi ngomlando wedolobha. Ukunakekelwa kwazo kusezingeni eliphezulu. Lapha sibona izindawo ezihlelwe kahle zokukhempa. Umuntu uhehwa ngamatende afakwe emahlathini aseziqiwini ezigcine izilwane zasendle. Ongoti (*experts*) bezengqondo bakhuthaza abantu ukuthi bavakashele le ndawo yokuphumula nokungcebeleka.

Kukhona imidlalo ehlukahlukene ongayijabulela ngaphakathi emahlathini aseziqiwini nasemfuleni. Kukhona *i-quad-biking*, umdlalo wokushayela izimoto ezincane ezifana nezikuta, kuzungezwe amagquma namahlathi, ngeminye yemidlalo ephambili. Kukhona *i-zipline* okuyintambo ondiza ngayo emoyeni, neminye imidlalo eminingi.

I-Amathole Museum yakhiwa kudala, ngonyaka ka 1885. Le *Museum* igcina izinto ezazithinta umlando namasiko abantu abahlala e-*Eastern Cape*. Itholakala edolobheni *i-King William's Town*. Bakhuluma ngomlando wezakhamuzi zase-*Eastern Cape*, uhlobo lwemizi yakudala, izingubo ababezigqoka, kanye nezinhlobo zokudla okwakudliwa ngesikhathi sakudala.

ENkwenkwezi Game Reserve kukhona izinhlobonhlobo zezilwane zasendle. Imvelo yenza isifundazwe sase-*Eastern Cape* sibaluleke ngoba kunezilwane zasendle ezingatholakali kalula kwezinye izifundazwe. Izilwane eziyinxenye ye-*Big Five*, indlovu, ibhubesi, ingwe, ubhejane

nenyathi, kanye nezinye izilwane zasendle ziyatholakala kulesi siqiwi. Izihlahla ezingasatholakali kwezinye izindawo zikhona kule ndawo.

Kukhona ulwandle oluhlanzekile futhi oluheha izivakashi ezisuka kwezinye izifundazwe nezivakashi ezisuka emazweni aphehlaya. Ulwandle kule ndawo luphephile. Kukhona onogada namaphoyisa aqapha emini nasebusuku. Ulwandle lwakhona alunawo amagagasi anamandla asabekayo. Lulungele wonke umuntu, omdala nomncane ukuthi angabhukuda kulona.

[Icashunwe ephephandabeni *Isolezwe*, Ngempelasonto, 2–3 September 2023]

Ekufingqeni kwakho bheka lokhu:

- Umlando we-*Buffalo City*.
- Imidlalo ongayidlala.
- Izilwane nemvelo.
- Izindawo zokungcebeleka.
- Ukuphepha.

UKWABIWA KWAMAMAKI

Ingqikithi: Amaphuzu amahlanu akhona futhi enza umqondo.	(5)
Ulimi: Lusetshenziswe kahle, alunamaphutha.	(2)
Amagama omfundi: Umfundi usebenzise amazwi akhe.	(1)
Amaphuzu: Izinombolo noma amabhulethi.	(1)
Inani lamagama: Amagama esephelele angama-50 kuya kwangama-60 futhi abhaliwe.	(1)
	[10]

Amamaki angama: 10

ISIQEPHU C IZINKONDLO**UMBUZO 4**

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Inkondlo A – Efundwe ekilasini**Ubuhle Bentombi – Bongani Mavuso**

- 1 Nab' ubuhle bentombi yakwaZulu,
- 2 Bungithinta emanonini njengomzwilili wezulu,
- 3 Libafazi bedube inyama kungemnyama bhuqe.

- 4 Sengibathe ngiqinisa untanjana,
- 5 Ngizama ukusika ukhasi eNtunjana,
- 6 Ayinginaki nakung' naka bakwethu le ntonjana.

- 7 Ngithe ngizama ukuyiqabula, manqa!
- 8 Kwangathi ngithinta isixhanti sezibonkolo:
- 9 "Hlukana nami sbotho ndini!
- 10 Angisiyo *i-type* yakho mfo ndini."**
- 11 Kwasimze kwacaca ukuthi ayingangami;
- 12 Wo-hhe, kazi ngiyomtholaphi ongangami?

- 4.1 Humusha umugqa we-10 ngesiZulu. (1)
- 4.2 Chaza lezi **zimo zokukhuluma** ezingezansi ngesiZulu:
 - 4.2.1 Libafazi bedube inyama. (1)
 - 4.2.2 Ngizama ukusika ukhasi. (1)
- 4.3 Ngumuntu onjani oyisbotho? (1)
- 4.4 Hlobo luni **lwesifengqo** olutholakala esitanzeni sokuqala? Bhala uhlobo nesibonelo. (2)
- 4.5 Wuhlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)

[8]

UMBUZO 5

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Inkondlo B – Efundwe ekilasini**INDONI YAMANZI – Nhlakanipho Zulu**

1 Ukhule wakhephuzela kuhle kombila,
 2 Okhuthazwe ngomanyolo.
 3 Uqgame wafana nendoni emunca amanzi ekhethelo.
 4 Uthotho lwamazinyo akho beluhlala lubanika,
 5 **Kuthi olubukayo anconde kuhle komuntu ecezwa,**
 6 Ngumbani kodwa isishozi sothando nemfudumalo,
 7 Sakhele enhlizweni yalowo okubonile?
 8 Izimbokodo zamehlo akho bezenza umuntu ancibilike,
 9 Kuhle kweqhwa lesaba imisebe yelanga.
 10 Ubungumdondoshiya,
 11 Ulishiye igade uhambela phezulu,
 12 Ubunyathela kuqhekeke umhlaba,
 13 Ubhamba uwubhensele,
 14 Kanti nawo uzokuphendukela,
 15 Ukugwinye useliklume ungakaboni.
 16 Ukugwinye awakuhlaza.
 17 Ushiye ifa ezinhliziyweni zabaningi.
 18 Bayazibuza bayaziphendula ukuthi,
 19 Uma kukhulwa kwelokhokho ingabe usungakanani.
 20 Ngabe usabancibikalisa yini nakhona ngothotho,
 21 Lwamazinyo amhlophe njengeqhwa.
 22 Ingabe usugqishazela kanjani,
 23 Ngoba phela wawunyathela ngabantwana.
 24 Yayimnandi leyo mnyaka yize yaba mifushane.
 25 **Wawuyisiphethu sentokozo,**
 26 Wawuyisibani sethemba,
 27 Pho wawungazi ukuthi izinsuku zakho zimfushane?
 28 Bayasho abadala ukuthi isitsha esihle asidleli.
 29 Yeka uthando lwakho,
 30 Ungathi wawazi ukuthi kuncane okuseshungwini,
 31 Lempilo nezinsuku zakho zibaliwe.
 32 Uyiqedile wayiphelelisa impilo yakho,
 33 **Lala uphumule Ndabezitha.**

34

5.1 Ibukeka kanjani le ntokazi? Bhala amaphuzu amabili. (2)

5.2 Bhala uhlobo lwenzwa olutholakala emugqeni wesi-5. (1)

- 5.3 Ngamazwi akho veza ukuthi imbongi iqonde ukuthini:
- 5.3.1 Emugqeni wama-25. (1)
- 5.3.2 Emugqeni wama-33. (1)
- 5.4 Caphuna umugqa enkondlweni ositshengisa ukuthi lo muntu ushonile. (1)
- 5.5 Yayikusiphi isimo imbongi ngesikhathi ibhala le nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
- [8]**

UMBUZO 6

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Inkondlo C – Efundwe ekilasini

- 1 Woza s'thandwa sami,
 2 Sihlale ngaphansi kwesihlahla somnduze.
 3 Woza s'thandwa senhliziyo yami.
 4 Nqampuna nanku umnduze ungondele.
 5 Kuthi nxashana usuwushutheka emlonyeni kimi,
 6 Bese kuthi cosololo,
 7 Nenhliziyi isho igubhe kuhle kwamagagasi anamandla.
 8 **Umqondo wami usuyazulazula namehlo kawasaboni,**
 9 Sekunofasimbe kimi.
 10 Hawu! Ngiyakuthanda mntanomuntu.
 11 Asihlale, sigobe amadlangala ngaphansi kwalesi sihlahla somnduze,
 12 Sakhe isikanekiso sothando lwethu.
 13

- 6.1 Bhala isihloko sale nkondlo. (1)
- 6.2 Yisho ukuthi imbongi iqonde ukuthini emugqeni wesi-8? (1)
- 6.3 Veza lokhu enkondlweni:
- 6.3.1 Umqondo wenkondlo. (1)
- 6.3.2 Umyalezo wenkondlo. (1)
- [4]**

ISIQEPHU D UKUSETSHENZISWA KOLIMI NOHLELO**UMBUZO 8**

Sebenzisa isithombe esingezansi ukuphendula imibuzo.



[Sicashunwe ku-inthanethi]

Ukuxega kwesandla somthetho olawula ukuphuzwa kotshwala sekuvule amasango, ikakhulukazi kubafundi ukuthi baphuze utshwala kakhulu. Ingane uyibona iphuzile ngesikhathi sesikole. Kutholakale ukuthi abantu abasha abafunda amabanga aphezulu ezikoleni yibo abamandla ekuphuzeni. Isidakamizwa notshwala akulungile kubafundi.

- 8.1 Bhala **ubuningi** bamagama abhalwe ngokugqamile bese **ulungisa nezivumelwano**. Bhala umusho ophelele.
- 8.1.1 **Ingane** ithola utshwala kalula emphakathini. (1)
- 8.1.2 **Ikhansela** lisebenzisana nezikole ukukhuza abafundi. (1)
- 8.1.3 **Isidakamizwa** singaphazamisa izingqondo zabafundi. (1)
- 8.2 Lungisa isiqeshana esingezansi ngokufaka **izivumelwano zesiphawulo** ezifanele. Bhala impendulo kuphela. Bhala **igama eliphelele**.
- Uthisha **8.2.1** _____ **khulu** uyala abafundi ngomkhuba **8.2.2** _____ **bi** wokuphuza utshwala. Abafundi **8.2.3** _____ **dala** kufanele babe yisibonelo ukuze babe yizingane **8.2.4** _____ **hle** esikoleni. (4)
- 8.3 **Nciphisa** amagama alandelayo.
- 8.3.1 isandla (1)
- 8.3.2 umthetho (1)
- 8.3.3 izingane (1)

[10]

UMBUZO 9

Sebenzisa isithombe esingezansi ukuphendula imibuzo ezolandela.



[Sicashunwe ku-inthanethi]

- 9.1 Qala imisho elandelayo njengoba ukhonjisiwe.
- 9.1.1 IBanyana Banyana idlala neqembu laseNigeria.
Izolo ... (1)
- 9.1.2 Iqembu lesizwe lizilolonga eMoses Mabhida Stadium.
Ngo 2010 ... (1)
- 9.1.3 Iqembu lesizwe liqeqeshwa nguDesiree Ellis.
Kusasa ... (1)
- 9.2 Bhala **ondaweni** abafanele esikhundleni samagama abhalwe ngokugqamile.
Bhala impendulo kuphela.
- 9.2.1 **Inkundla** kugcwele abalandeli bebhola. (1)
- 9.2.2 Abadlali bafike **umdlalo** bezilungiselele. (1)
- 9.2.3 Abalandeli balindele umphumela omuhle **iqembu** lesizwe. (1)
- 9.2.4 Umqeqeshi uthembele **abadlali** ababili. (1)
- 9.3 Bhala **isabizwana soqobo** esikhundleni samabizo abhalwe ngokugqamile.
Bhala impendulo kuphela.
- 9.3.1 Umdlali ukhahlela **ibhola**. (1)
- 9.3.2 **Utshani** abadlala kubona buluhlaza. (1)
- 9.3.3 **Izinkundla** zebhola zihlanzekile. (1)

[10]

UMBUZO 10

Sebenzisa isithombe esingezansi ukuphendula imibuzo elandelayo.



[Sicashunwe ku-inthanethi]

10.1 Funda isigatshana esingezansi bese ufaka **ofeleba** lapho kudingeka khona.

UMnumzane ndlovu ufundisa entabeni *High School*. Unguthisha womculo onekhono elihle. Isikole sakhe sisethekwini.

(3)

10.2 Yakha **imibuzo** ngale misho elandelayo. Amagama agqamile abe yimpendulo yombuzo. Impendulo yakho mayibe nophawu lokubuza.

10.2.1 UNonhlanhla ucula **noKate**.

(1)

10.2.2 UMduduzi udlala **isiginci**.

(1)

10.3 Lungisa amagama akubakaki ngokufaka **impambosi** efanele. Bhala impendulo kuphela.

10.3.1 UManhla (ucula) iqembu likamasikandi.

(1)

10.3.2 (Uyathanda) umculo omnandi.

(1)

10.3.3 Izinsimbi (zishaya) nguBongani.

(1)

[8]

UMBUZO 11

Bhala imisho emibili ngegama **isithunzi** ukukhombisa izincazelo ezahlukene.

(2)

[2]

Amamaki angama: 30

Amamaki esewonke: 100